UHlelo lokuHlola

UHlelo lokuHlola lwakhelwe ukuchaza amathaskhi amiselwe imigomo ukuhlola kuzo zonke izifundo ethemini yonke.

Ukubuka izidingo ngamafuphi

La mathebula alandelayo abukisa ngeso elibanzi izidingo zohlelo lokuhlola ethemini ngayinye esiZulwini uLimi lwaseKhaya:

Ithebula loku-1: Izidingo zoHlelo lokuHlola lweBanga le-10 nele-11 ngamafuphi

Uhlelo lokuhlola			
Amathaski ngokwamathemu			
Ithemu yoku-1: Isivivinyo (ukusetshenziswa kolimi) + amathaskhi ama-3	Ithemu yesi- 2: Amathaski ama-2 + 1x isivivinyo (imibhalo yobuciko)	Ithemu yesi- 3: 1xi-asayinimenti yemibhalo yobuciko/iprojekthi + 1 x ithaski	Term 4: 1x Ukuhlolwa kokuphela konyaka kwangaphakathi okunalokhu: Amaphepha amathathu Iphepha loku-1 – Ukusetshenziswa kolimi ezimeni ezithile Iphepha lesi- 2 – Imibhalo Iphepha lesi- 3 – Ukubhala + Iphepha lesi- 4: Ama-orali Paper 4: Oral
Amamaki amathemu (amathemu 1-3): • Ethemini ngayinye, ufaka amamaki njengoba enjalo bese uwaguqulela emaphesentini ukuze kutholakale amamaki ethemu. **Amamaki okwedlulisela abafundi emaBangeni alandelayo:** • hlanganisa isamba samamaki awo wonke amathaski kusukela kweyokuqala kuya kweyesi-3, amamaki ama-orali akhishwe, bese uwaguqulela kumaphesenti angam-60% (Ukuhlola kwangaphakathi), • Guqula iphepha loku- 1 libe ngama- 9,3%, • Guqula iphepha lesi-2 libe ngama- 10,7%, • Guqula iphepha lesi-3 libe ngama- 13,3%, • Hlanganisa isamba samathaski ama-orali onyaka wonke uwaguqulele kumaphesenti ayi- 6,7% (Paper 4: Tasks: 1, 3. 6. 9).			

Ithebula lesi-2: UHlelo lokuHlola lweBanga le-10 nele-11

<table>
<tr><th colspan="4">UHlelo lokuHlola</th></tr>
<tr><th colspan="4">Ithemu yokuqala</th></tr>
<tr><th>Ithaskhi yoku-1</th><th>Ithaskhi yesi-2</th><th>Ithaskhi yesi-3</th><th>Ithaskhi yesi-4</th></tr>
<tr>
<td>Ama-orali:
Ukulalelela ukuqondisisa (Amamaki ayi-15)</td>
<td>Ukubhala: (Amamaki angama-25)
Amatheksthi adlulisa imiyalezo:
Incwadi yobungani/yokucela umsebenzi/ edlulisa izikhalo/ eya kwabezindaba/ ikharikhulamu vithaye kanye nencwadi ehambisana nayo/ incwadi yokukhononda/ yoku-oda/i-ajenda kanye namaminithi omhlangano/ indatshana yephephabhuku/ inkulumo-mpendulwano/ izibuyekezo/imibiko ebekelwe imigomo nengabekelwe migomo/i-inthavyu (inhlolokhono), i-imeyili.</td>
<td>Ama-orali:
Inkulumo engalungiselelwe (Amamaki ayi-15)</td>
<td>Isivivinyo soku-1 Uhlelo nokusetshenziswa kolimi (Amamaki angama-35)
- Isifundo sokuqondisisa
- Ukufingqa
- Izakhiwo nezimiso zoku setshenziswa kolimi</td>
</tr>
<tr><th colspan="4">Ithemu yesibili</th></tr>
<tr><th colspan="2">Ithaskhi yesi-5</th><th>Ithaskhi yesi-6</th><th>Ithaskhi yesi-7</th></tr>
<tr>
<td colspan="2">Ukubhala: (Amamaki angama-50)
Ama-eseyi:
Indaba elandisayo/ echazayo/edaza inkani (eBangeni le-10).
Indaba eningayo/ eqhathanisayo/edaza inkani (eBangeni le-11).</td>
<td>Ama-orali:
Ukufunda kuzwakale okungalungiselelwe/ Inkulumo elungiselelwe (amamaki ayi-10)</td>
<td>Isivivinyo sesi- 2:
(amamaki angma-35)
Izinkondlo :
1x Emiselwe – umbuzo omude (10)
1x Engamiselwe (10)
Inoveli noma ubuciko bomlomo /umdlalo:
Imibuzo emfushane (15)</td>
</tr>
<tr><th colspan="4">Ithemu lesithathu</th></tr>
<tr><th colspan="2">Ithaskhi yesi-8</th><th colspan="2">Ithaskhi yesi-9</th></tr>
<tr>
<td colspan="2">Imibhalo yobuciko: (amamaki 35)
I-asayinimenti/ iprojrkthi</td>
<td colspan="2">Ama-orali:(Amamaki ayi-10)
Inkulumo elungiselelwe</td>
</tr>
<tr><th colspan="4">Ithemu yesine</th></tr>
<tr><th colspan="4">Ithaskhi ye-10</th></tr>
</table>

Ukuhlolwa kokuphela konyaka: (Amamaki angama-300)
Iphepha loku-1 – Ukusetshenziswa kolimi ezimeni ezithile (Amamaki angama-70) amahora ama-2
Iphepha lesi-2 – Imibhalo yobuciko (Amamaki angama-80) amahora ama-2 1/2
Iphepha lesi-3 – Ukubhala
(Amamaki ayi-100)
Iphepha lesi-4 – Ama-orali
(Amamaki angama-50)

****Ama-orali:**: ukuhlola okumiselwe umgomo: abafundi kumele bahlolwe kusifundo sokulalela esisodwa (ithaski yoku-1), inkulumo engalungiselelwe eyodwa (ithaski yesi- 3), noma angakhetha ukwenza inkulumo elungiselwe embili noma inkulumo elungiselwe eyodwa Kanye nokufunda kuzwakale okukodwa (ithaski yesi- 6 kanye Task 9).

Amamaki **esivivinyo soku-1** kumele kube **ngamamaki angama-35**. Uma engaphezulu kwalokho awaguqulelwe emamakini angama-35. Nanxa *isifundo sokuqondisisa, ukuingqa kanye nohlelo nokusetshenziswa kolimi* kuyiwona mthamo ophakanyisiwe, izikole azifani, ngakho-ke othisha bavumelekile ukwenza okufanela abafundi baleso sikole

.isivivinyo sohlelo lokuhlola kumele singenziwa izivivinyo ezincanyana.

Isivivinyo sohlelo lokuhlola kumele singenziwa izivivinyo ezincanyana. Isivivinyo ngasinye kumele siqukathe umthamo owanele wokuqukethwe, sibekelwe imizuzu engama-45-kwayi-60, kanye nokubhekelela amazinga okuhlakanipha njengoba kuvela emaphepheni okuhlola